Short notes on various items. K13/21

815 (53) [ b ] ~~13/3/~~ K13/21 F. Vilakazi 1/30

1. Amadodana ka Ngwane.

uNgwane waye namadodana ama6ili enye kwakuwu Dlamini enye kumlumbo. Kwathi ngelinye ilanga umina ka Dlamini wathi kuDlamini, uyamu6onjena uyihlo ukuthi uthanda umlumbona. Uma esefa ngeya6ona ukuthi uyena azawumshiya a6eyinkosi. Manjena kuhle um6ulale mntanami. Unina ka Mlumbo uyena owayefanele uku6a yinkosi kazi. Nayeke uMlumbo wayefanele uku6uthatha u6ukhosi. Kuthe uma asho njalo unina ka Dlamini no Dlamini waku6ona loku. Usemunika umuthi unina ukuthi kuhle um6ulale nga-

2. lomuthi. Kuthe ngelinye ilanga 6aphuma 6ayokwelusa izinkomo zikayise. Nayilowo wayena6antu 6akhe ahamba na6o. Kuthena uma 6afike ehlane uDlamini waye indadlana ku no Mlumbo. Usethi ku Mlumbo kuhle a6antu 6ethu 6ahambe 6ayokweqela izinkomo mntaka6a6a, ne6ala avume uMlumbo athi uqinisile minakwethu. Kuthena umase6ehambile usethi uDlamini ku Mlumbo kuhle sidlala mntakwethu.

Kanti uDlamini uselungiselele ukumu6ulala umfowa6o. Kwathi unina wamunika itshana elincane elalilunjiwe ngomuthi. Uthe uku6a avume

3. uMlumbo wase ewathatha e6amaningi amatshe uDlamini. Usede ewaphonsa emlonyeni ngalinye ewenqaka ngawo umlomo. Usemtshena nomnakwa6o uku6a akamulingise naye. Usemunika lelitshe elilunjiwe. Uthena uma aliphonse emlonyeni uMlumbo lase lingena empi njeniala6e lisavuma ukuphuma. Se6eya6uya a6antu 6a6o 6afumanisa uMlumbo engasa khulumi uma 6emisuza uDlamini wathi 6esidlala manjena kwasekungena itshe kuyena empinjeni alisavumi ukuphuma manjena. Kwase kuvela ukuhla6ana ku6antu 6aka Dlamini no Mlumbo. Yalwa impi yamadodana enkosi yehlulwa eka Dlamini

4. Kodwa uDlamini ya6aleka naye aka6e asa6onwa. Yasuka lena eka Mlumbo yamutata misa imusa ekhaya. Kuthena uku6a 6afike ekhaya 6ama enkundleni 6ase 6e6ika umhlolo osuvele. Inkosi yadumala kakhulu impela uma izwa ukuthi u<u>Malumbo</u> uyagula. 6ayilandisa inkosi ukwenzeka kwenda6a. Manjena inkosi yase ithukuthela yathi kuhle nala6antu a6ambasobayo 6a6ulawe. Kuthena uku6a athola kale uDlamini yase ithemba layo esili6eka kuDlamini. Wakhala umina ka <u>Mlumbo</u>. Wasuka wemuka naye umntanakhe e6usuku nenja yakhe na6antu 6akhe.

5. uDlamini uso6aleka na6antu 6akhe 6eya ekhaya. u<u>Mlumbo</u> akasayi ekhaya usehamba na6antu 6akhe eqonda kwelama <u>Phendu</u> a6aSuthu a6a6akhe

/phezu.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

14. o6onjeni. Uyise usededela yena uMbundle uku6a maka6use. Ne6ala seku6anjalo. Kuthena uku6a idumelane impi ka Mbundle noMswazi wehlulwa uMbundle wase uthumela izinkomo kuMswazi ukuyozikhonzela. Ne6ala uMswazi usemamukela uMbundle. Akamange esamhlasela uMswazi wamenza induna yakhe. Naye uMbundle kuthiwa wazi khonzela impela enkosini uMswazi. Kuzeku6e namhlanjena a6akwa maziya a6aphindanga ukulwa noNgwane. Nanamhlanjena amadodana ka Mbumbo ayesenduna kwelaso 6onjeni. Kuthiwa kuse maThongeni.

15. Izingcezu zikhanda.

Isiphongo:- Isiphongo singenhla ko6uso sekanye na6o u6uso azimili izinwe lekusona.

Amathundu:- Lesisitho singenhla kwamehlo. Si6onakala kahle uma umuntu ecwaca. Futhi singenhla kwa mashiya omuntu.

Imigwe6u:- Lesitho swama uku6onakala ku6antu a6anezinyama eziningi. Futhi swamile uku6ona kala uma umuntu eseguga. Si6onakala e6usweni ukushwa6ana kwezinyama.

Amashiya:- Amashiya angaphezu kwamehlo omuntu noma awani. Iwona avimbela umutnu uku6a angaxhoshwa imijuluko. Ehlukile kunezinkophe wona.

16. Izinkophe:- Nazo izinkophe zisiza wona amehlo uku6a umuntu angaxhoshwa. Nakuwona umguluko ziyasiza umuntu angaxhoshwa. Yizona futhi ezenza umuntu a6uke kahle.

Ude6e:- Ude6e kushiwo umlomo wangaphansi inde6e engaphansi evimbela ama zinyo uku6a anga6ingaphandle. Nalona engaphezulu umlomo kuyashishowo ukuthi iude6e.

Imixhili6a:- Uma umuntu eseguga uye alenge izinyama zomuzimba nase6usweni kuye ku6e njalo. Izinyama ezilenga e6usweni kuthiwa imixhili6a leyo. Kuvamile futhi uku6a imixhili6a i6ekhona uma umuntu esedakiwe utshwala.

17. Imi6imbi:- Kuvamise kumuntu othanda uku6ipha njalo aze a6e nemi6imbi e6usweni. A6anye 6asuke 6eziqenya 6a6iphe kanti se6ayazona ngaloko.

Amanhlonhlo:- Amanhlonhlo athi awafane namathundu kodwa wona kushiwo uma izinwele zingamilanga zaze zafinyelela e6usweni kakhulu. Amanhlonhlo a6onakala kahle kwa6amhlophe. Uma izinwele zingasondele emashiyeni.

Unsinsi:- Lolu unwele lwempinzi lu6onakala kahle luphume lodwa /esiphongweni..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

esiphongweni somuntu. Noma umuntu egunda uyalushiya lona. A6antu a6analolu nwele 6avama uku6a 6ahle.

18. Inqadi:- Uma umuntu ephume ikhanda layaphambili kuthiwa inqadi.

Incegela:- Uma ikhanda lomuntu liphume ngemuva kuye kuthiwe incegela. Umuntu enekhanda elinjalo kuthiwa unenqondo lowo muntu.

Uqwanga:- Ukuze ikhala lomuntu li6elihle kusuke kukuhle iqwanga lalo. Loku kuthi aku6e yithambo kanti kuthambile kunalo ithambo kona.

Isilevu:- Kuye kushiwe izinwele ezimila esilevini kuthiwe isilevu. Nethambo elingcinele amazinyongaphansi kuthiwa isilevu.

Amadevu:- Amadevu wona angaphezu komlomo, phakathi komlomo nekhala ayamila a6eyizinwele.

19. Izighoma:- A6anye a6antu 6anomlomo ongavaleki kahle uthi noma ewuvala umnikaziwo ushiye amaquzuquzu emaceleni. Kwenza kumuntu onomlomo omkhulu cnezinyama futhi. Kuyenzeka futhi uma umuntu angasinawo kahle amazinyo.

Um6ombo:- Kushiwo ukuma kwekhala lomuntu.. Amakhala a6antu a6amnyama um6ombo wawo uyisica6a. A6amhlophe um6ombo wa6o umile, wenziwa iqwanga.

Isiphindu:- Kusho umuva wekhanda. Manqondana nesiphongo kodwa sona isiphundu singemuva. Kukhona isiga esithi siphundu kawu6oni ngo6a isiphongo sona siya6ona.

20. Impandla:- Kwamanye amazwe 6athi ukhongolo. Kushiwo kumuntu uma eseqothuke izimvele ekhanda. Kuthiwe usenempandla lowo. Ivama ukumila a6antu ase6ekhulile nezingane umazizalwa zinge nanwele.

Isihlathi:- Lena imnyama emila emathenjeni omhlathi lapho umuntu eqatshulwa khona a6adala. Ukuqa6ula izinde6e umthetho wesilungu lowo. Owa6antu umuntu uqatshulwa izihlathi zombili.

Amalaka:- Loku kufumaniswa phakathi emulonyeni ngenhla kolimi lapho ukudla kuhamba khona 6ese kungena emimizweni.

Amankanka:- Kulapha ikhala liphelela khona. Futhi iwona awehlukanisa izimbo6o zamakhala woma6ili.

21. Inhlafuno:- Uma umuntu edla ukudla kuye kuvukuze enhlafumveni yakhe ukuya ngasekhanda. I6onakala kahle kumuntu omamanhlonhlo inhlafuno. Uma umuntu ekushaye khona ufa ngesikhashana awuda6uli. Inhlafuno indwo zombili ekupheleni kwama nhlonhlo.

Isijungujungu:- Lapha kuphela khona ikhanda nentamo kukhona indawo

/e6izwa................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

e6izwa ngokuthi isijungujungu lapho inkomo ihlatshwa khona uma i6ulawa. Uma umuntu angakushaya lapho kuleyo ndawo awuphili injenge nhlafuno iyicezeceze kakhulu.

22. Ukhakhayi:- Uma umuntwana ezalwa kuye kufukuze ekhanda lakhe lapho izinwele zisongela khona. Kuze kuthi uma esekhulilo umntwana kuphele ukufukuza okhakhayini. Nayo lena indawo enengozi umuntu usheshe afe ungamuthinta khona ngenduku.

Isikhala:- Umuntu uma elimalo esikhaleni uyashesha ukufa futhi. Kushiwo lapho kuhlangana khona imihlathi yomuntu nekhanda.

Okwangaphakathi kwenkomo nomuntu:-

Amaphaphu:- Amaphaphu ahambelana nenhliziyo. Iwona umuntu aphefumula ngawo. Uma amaphaphu angasalungile impilo yomuntu noma yenkomo incane.

23. Inhliziyo:- Lenyama iyona ihambisa igazi lomuntu noma yisiphi esinye isilwane esinayo inhliziyo.

Impundu:- Lenyama ifumaniswa emathunyini kanyenase si6indini. Umuntu asemuncane akayidli lenyama kuthiwa usuke a6eyisikhodlwa. Yengako idliwa izalukazi kuphela esezindala.

Isi6indi:- Lenyama idliwa a6afana, inengazi eningi impela yona. A6adala a6ayidli eya6afana lenyama. Nayo ingase mathunjini.

U6ende:- Lenyama nayo inengazi eningi impela. Uma inkomo igula ihlolwa ngalo u6ende lwayo ukuthi i6i phethwe yini. Idliwa a6afana futhi nayo.

24. Usinyakā:- Kuyekuthi ngaso ntwani ku6e nethumbu elinonile kuthiwa lelo thumbu usinyaka. Lona alunawo umswane njengontu.

Untu:- Isisu lapho umuntu noma inkomo idlela khona kuyekuthi umakuhlatshiwe 6ese kukhishwa umswane lapha ontivini. A6anye 6ayaludla luluhlaza. Lukanye naye usinyaka, namathumbu.

Amathumbu:- Amathumbu anhlo6o mbili kukhona amnyama namathumbu amhlophe kulapho ukudla kwendlulakhona uma kuphuma oswini sekuyoboshwa.

Ilulu:- Ekupheleni kwamathumbu amhlophe kukhona ithumbu elimhlophe

25. line nyamana nalo. Lona alidliwa umuntu osemucane futhi kufana nempundu umuntu uyakhohlwa.

Isandlwane:- Lenyama ihambelana nalo usu. Kodwayona ilula ayiqinile njengosu. Nayo iyadliwa luhlaza njengalo usu. Isondelene nosinyaka yona.

/Inanzi.................. ..

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inanzi:- Lenyama isemathunjeni yona ukudla kwendlula kuyona kuye kupopopo ithumbu elikhulu loku khipha udothi. Lona liyi sikwanyana.

Utwane:- Nalofuthi utwane lufumaniswa emathunjeni lufana nalo usu. A6anye 6aku6iza ngokufana kanti utwane aludliwa luluhlaza lona. Kulukhuni ukulwehlukanisa osweni.

26. Umhlwehlwe:- Lena inyama efumaniswa yemboze untulonke amafutha awuntwentwesi alula. Kuye kususwe wona umhlehle kuqala 6ese kulungiswa kahle ngeziqa zakho konke.

Izinso:- Inyama efumaniswa emgogodleni. Ifana nama bontshisi ndawo zombili iphahle umgogodla. Inyama eyaziswayo kakhulu impela idliwa a6akhulu.

Umminzo:- Kulapha kuhamba khona ukudla uma umuntu egwinya ukudla. Noma umuntu ephuza. Umminzo wona usa esiswini kanti uqhoqhoqho usa emaphashini.

Uqhoqhoqho:- Kulapha kuhamba khona umoya uma uya emaphashini.

27. Inyama yangaphandle:-

Isifu6a:- Lenyama idliwa amantombazane noma kweminye imizi idliwa a6anumzane kuphela. Lenyama ivamisa ukunona kakhulu impela kunenye inyama yangaphandle.

Isixhanti:- Inyama engase lunda. Kuye kusikwe izimbambo ezimbili, zihambe nayo. Lenyama isentanyeni yona imnandi futhi. Inyama yomuzi lena okugcinwa ngayo umakuhlatshiwe khaya. Idliwa umuzi wonke yona.

Ilunda:- Lenyama ihambe lona nesixhanti kodwa yona ilukhuni. Uma idliwa inikwa izinsizwa zomuzi lowo. Kanti na6anumzane 6ayayidla.

28. Ingqova:- Lenyama idliwa amadoda. Ivamisa ukuphekwa yona kanye nenhloko. Lenyama ifumaniswa ekhaleni lenkomo noma esiphumulweni senkomo. Nezinsizwa ziyayidla lenyama. A6esifazane ka6ayidli lenyama.

Uvokwane:- Lenyama ifumaniswa nayo empumulweni ezinde6eni zenkomo. Idliwa amadoda nanga 6afana a6esifazane ka6ayidli 6ona. A6antwana a6ancane a6avunyelwe ukuyidla 6ona ngo6a kuthiwa 6ayolenga umlomo.

Impukane:- Lenyama ivama ukudikiza noma inkomo isifile, ifuma niswa emukhomveni wangaphambili i6omvu yona.

29. Isiphanga:- Lenyama ifumaniswa emkhonweni. Idliwa a6antu 6esifazane kuphela kwenye inkathi idliwa amantombazane.

/Ugalo................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ugalo:- Lena inyama ye6andla uma kuhlatshiwe kuthi uma sekuqediwe ukuhlinza 6ese kuphuma ukhamba lwamadoda kosiwe nogalo wamadoda. Lenyama ifumaniswa emukhonweni.

Iguma:- Lenyama idliwa a6anumzane 6omuzi izingane aziyidli lenyama. Kanti na6esifazane ka6a yidli lenyama.

Insonyama:- Lenyama idliwa a6anumzane uma kusuke kuwu dwendwe idliwa izintombi kuphela. Lenyama ehlinzwa ezinka6ini ezikhulu pheleye isuka
30. emulenzeni iye iphume endle6eni ilandela isikhumba. Uma sesisusiwe isikhumba kuhlinzwa yona insonyama.

Izimbambo zikampetwane:- Uma inkomo isihlinziwe ziya6ona kala izimbambo. Lenyama idliwa noma ngawu6ani ayikhethelwe yona kunenye inyama.

Iqolo:- Iqolo inyama emnandi edliwa umkhongi umakucelwa intombi. Uma kungenjalo inyama edliwa amakhosikazi asekhaya. Uma kungenjalo iyona kugcinwa ngayo ukudliwa ekhaya kanye nesixhanti.

Eyethe6e:- Lenyama ifumaniswa emulenzeni, ivama ukudliwa amantombazane noma omakoti ekhaya.

31. Umtshaza:- Lena inyama edliwa a6afana kuphela. Uma kungenjalo idliwa amadoda noma izinsizwa ekhaya. A6esifazane a6ayidli lenyama.

Amanqina:- Lenyama idliwa a6afana inyama okuvama ukugcinwa ngayo ekhaya uma kudliwa inyama ekhaya.

Umminzo:- Lenyama idliwa a6afana ekhaya. Musukwana kudliwa iphaphu, nenhliziyo a6afana 6ayayidla lenyama. 6athatha umuminzo 6awuhlohle amaqhashana asikiwe enhliziweni 6awa hlohle kuwona umumizo 6ese uyosiwa ithoseke kahle impela i6emunandi futhi. A6afana 6ayalwa 6a6ange lenyama.

32. U6u6ende:- Kuthathwa igazi lenkomo 6ese lixutshwa nokwangaphakathi sokuvuthiwe 6eseliyaphekwa. Lokoke kuthiwa u6u6ende 6udliwa amadoda na6afana ekhaya. A6esifazane ka6a vamile ukuyidla lenyama.

## Isikhathi ngoku6iza kwa6antu:-

Sekuyantwela enzansi:- Kushiwo uma sekuqala ukukhanya enzansi, ilanga lingaka beji enzansi. Kwesinyo isikhathi 6athi kuse mpondo zamthini. Kusuke kuwu (5 a.m.)

Inyanga ihlekwa izimfene:- Kushiwo uma ilanga selishonile kusando kwalala umuntu usum6ona ngomnyama umuzwe ngezwi ukuthi u6ani lona.

33. Inyanga ilalisa a6antwana:- Kushiwo uma sekunesi khathi ilanga lishonile. Uma ukudla sekuvuthwa eziko na6atwana se6elalele izinganokwane kogogo, a6anye se6elala. Kusuke kuwu (9 p.m.).

/Inyanga..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Inyanga ihlekwa izinyoni:- Uma izinyoni ziqala ukucula seziyolala selishona ilanga. A6anye 6athi lisuke li6antu 6ahle uma selinjalo. Usuke engasekho umuntu omu6i se6e6ahle 6onke a6antu.

Inhlazane:- Uma izinkomo ziphuma ekuseni zizo6uye ziphindele esi-6ayeni kuthiwa ziphuma inhlazane. Kusuke kwenzelwa amakweyi uku6a athole ukwehlisa uma ethole amazolo.

34. Ilanga seliya ngomtsha wendoda:- Uma amathunzi asemade ilanga seliyoshona kuthiwe seliya ngomtsha wendoda. Izinkomo zi6uya ngasemakhaya ngalesi sikhathi. Kusuke kuwu (4 p.m.).

Kwesikabadakazi:- Kushiwo uma kuphakathi no6usuku kuseminyama impela konke sekulele sekuthule kuthedu. Ngesikhathi esihamba a6athakathi emzini yamadoda.

Kumpondozamthini noma zankomo:- Kushiwo ekuseni uma ilanga selifufusa lifuna ukuphuma kodwa lingaka phumi lona.

Li6antu 6ade:- Kushiwe ngesikhathi uma sekuqala uku6a khona amathunzi ilanga selifikile.

35. Izinyoni nezi6ongo zazo.

Inqomfi:-

Isulu ga6ela kanyoni,
Nyoni emathendelezana,
Nyoni engadliwa izishimane;
Nyoni edliwa ngamasoka.
Uma zivuka zimbili,
Zikhale zinqamule indlela,
Ngifikelwa inja6ulo ngiyazi
Nakanjani ngi6ekwe inhlanhla.
Nyoni enga6ulawa kodwa imnandi
Inyoni ehlanza igazi ngomlomo,
Igila eli6omvu u6ucwazicwazi.
Yinye nje- usizi nezinyembezi
Zimbili nje- ukucwe6a kwenhliziyo.
Zintathu ukudana nokudangala
zizine igugu lami.

Ikhala:-

Kwi - kwi - kwi-- kwi -

/Ndlela................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ndlela zimnyama ndlela

Ziyakhanya phambili.

36. Isikhova:-

Ugogo ugugile awumboni emhlweni azigqo6e loku na.

Isigwe:- Kuthiwa yiphoyisa lakwa Hulumeni. Awuli6oni lifaka izimendlela ezi6omvu loku na.

Isaka6uli:- Akushiwo ukuthi isaka6uli kuthiwa insizwa iyoqomisa izintombi ngo6a lifake izinjo6o lavunula.

Inkukhu:- Akushiwo ukuthi yinkukhu ngo6a naku iyahlakula njalo, kuthiwa umame uyahlakula.

Isigombazane:- Lenyoni kuthiwa umulozi womuntu ngo6a ithi 6ayeza 6afike lokuna.

Intshiyane:- Lenyoni kuthiwa yingane iyadlala ngo6a lapho zihlangana khona zi6anga umsindo omkhulu njengezingane zidlala.

37. Unwenwe:- Lenyoni kuthiwa yidlozi lomuntu, uma ifika ekhaya ithanda esi6ayeni. Futhi lenyoni iya6i ngelelana uma i6ona umuntu.

Ihlokohloko:- Lenyoni kuthiwa omama 6ephuza utshwala ngo6a lapho zikhona kunomusindo omkhulu.

Yinkonjane:- Lenyoni kuthiwa umakhi wezindlu ngo6a indlu yayo yakhiwa ngodaka ngo6unono o6ukulu impela.

Ihwa6ayi:- Lenyoni kuthiwa umfundisi ngo6a ifaka ukhololo omhlophe entanyeni njengo mfundisi.

Ilanda:- Kuthiwa unakoti uyashanda ufake izingu6o ezimhlophe. A6anye 6athi iziyoni ngo6a nazo zifaka izingu6o ezimhlophe.

38. uThekwane:- Lenyoni kuthiwa inkosikazi yesidwa6a ngo6a naye unesicolo futhi uyazithanda njengayo inkosikazi yesicolo.

Umtoli:- Lenyoni kuthiwa yisangoma ngo6a isicolo saya asisihle simayakayaka.

Igegane:- Lenyoni kuthiwa yenkehli ngo6a isicolo sayo sifushane kanti nezinsi6a zayo zimfushane njenge sidwa6a samakoti noma senkehli.

Insingizi:- Lenyoni kuthiwa amadevu omlungu ngo6a inenyama e6omvu ngasemlonyeni.

Ititihoye:- Lenyoni akushiwo ukuthi ititihoye kuthiwa umcondo wamankulu ngo6a inomcondo omkhulu impela.

39. Umqothoviya:- Lenyoni kuthiwa izingane zesikole ngo6a igqokise okwezingane zesikole isiketi esimnyama nama6atshi amhlophe.

/Udoye............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Udoye:- Lenyoni kuthiwa unkonko umadla yedwa angawela ezimfushane iziżi6a zingasha.

Umvenyane:- Lenyoni kuthi umfana wase thawini, umakhala ngesisila ezinye izinyoni zikhala ngomlomo, uma vika u6ala.

Ungcede:- Lenyoni kuthiwa imkosi yezinyoni. Kwathi izinyoni zenze umjaho wazishiya ungcede.

Umemzela:- Lenyoni kuthiwa unonhlonipho ngo6a yona inga6ona umuntu igo6isa njalo ikhanda sengathithi iyakhuleka.

40. Intenjane:- Umaho6osha umkhondovu umahamba e6usuku, ogade izinda6a zase6usuka ongenanda6a nezase mini.

Iju6a:- Ngilosi ka nkulunkulu mlondolozi wami mathunywa ase6ele, wase6ele mhlazane uNoh emangele emkhunjini.

Inhlava:- Umaphana ngo6a iku6izela izinyosi ehlathini kanti futhi nenyoka iyaku6izela.

Inqe:- Lenyoni kuthiwa umpi kayipheli ngo6a uku6a kuya ngayo nga6e a6antu 6a6ulawa njalo ukuze ithole inyama.

Inqola:- Lenyoni kuthiwa inyoni edla ezinye izinyoni ngo6a ungafumanisa izixosha ezinye iaizicome ezincingweni.

41. Isagwaca:- Udlula 6embekile ngo6a uthi usilindele ukuthi sihlale lapha uyasi6ona sesiphumalaphayana kokunye unga6e usasithola nanini.

Ungoqo:- Lenyoni kuthiwa umadla akuhlanze ngo6a ungathi uma uyelamele uyifumanise ihlanza. A6anye 6athi umthetho wayo ukuhlanza amathumbu. Ngingeqinise lenda6a ngo6a angi6onaze ngiyi6one ngawami.

Umdweza:- Lenyoni kuthiwa umqolo wasekhaya ngo6a uthandana nasekhaya. Nokwakhela izindlu uzakhela khona ezindlini ekhaya.

Unkombose:- Lenyoni yona kuthiwa umadla ukhetho emazale-ni. Inqenge-
42. qeni idla ukhetho kukuku-kukuku-safa saphela maju6a nizithutha.

Ingqungqulu:- Lena niyoni yamakhosi. Kuthi kungezwa kala ishaya amaphiko into qu! qu! nqonqonqo!!! qu! qu! qu! nqonqonqo!!! Amadoda uma kuzwakele lenyoni ikhala ashaywa uvalo ngo6a inyoni yempi.

Amanqe:- Nayo lenyoni iyawa shaya amaphaphe uma ifuna uku6a kufe into. Ivama ukuhlala emaweni iphila ngenyama yezinto ezifile - "Nqonqonqo" Nqonqonqo! mbubhbu!!

Ilulwane:- Lenyoni ifana negundwane futhi ikhala njenge gundwane. Ivama uku6ona kala e6usuku: Ikhala ithi nswi! nswi!! Nswi!! Uma umuntu anganakile angathi igundwane.

43/Igwayigwayi...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

43. Igwayigwayi:- Umfana wendlela ngoба njalo aбona kala eбusika izinkomo zidla amahlanga. Kuthi kungaphela wona anyamalale ungaбe usawaбona.

Amawamba:- Lezinyoni kuthiwa amaбutho. Umahlaбa endlule. Azihlali ndawonye lezizinyoni. Uthi uziбonela phaбese uzizwa seбezisho kwenye indawo. Zihamba umzila omkhulu.

Unozala izingwenya:- Lenyoni kuthiwa unozala izingwenya ngoба izala aбantwana бalwe nayo бangakhulu.

Impangele:- Umakhalegijjima ngoба noma kunjani uyifumanisa iбaleka noma isifa. Kwala seniyishayile iyokhala igijime. Ngaбonele empangeleni.

44. Isikulukulu:- Lenyoni kuthiwa uvika бempethe. Kuyekuthi aбafana uma бesifumanisa silale phansi бese бayasi jukijela siquбe phansi azathi omunye seбesiбulele kanti aбakasiбulali.

Umjekejeke:- Lenyoni kuthiwa uphunyula бemphethe endlule. Umasidwa izinguбo zakhe kushiwo ngoба ayikwazi ukundiza indawo ende. Indiza iбangana elincane.

Unohembu:- Ukhala isililo samadoda afa empini angalindele. Unhliziyo yami iбuhlungu.

Izintaka:- Umagana isithembu kushiwo ngoба lezizinyoni zifumaniswa zihamba nesakaбuli lilinye, Kodwa zona izintaka zifumaniswe ziningi.

45. Isikulukulu:- Lenyoni ikhala njenge gamalayo ifumaniswa ezinkalweni nasezidulini:- Kulukulu! kulukulu! kulukulu!! Uma izoбulawa kuculwa nanti igama:- "Gazi maniki, jazi maniki, gazi maniki. Isuke бese iyalala бayishaye.

Intintihoye:- Nansi inyoni enomusindo uma ikhala. Aбantu kuthiwa бaloyangayo uma бefaka ufufunyane kwaбanye:- Ntintinti! riri! ntintinti ri! ntintinti ri! ntintinti ri!!

Intenjane:- Ncephe! ncephe! ncephe! ithenyana lami lincane, vukani vukakani!!

Iwukutho:- Ivukutho inyoni efana nejuбa kodwa yona inkulu, ikhalisa okwalo ijuбa. Ifumaniswa emaбaleni nasengwaqeni ku - ku! ku - ku!! kamdokwe.

46. Izinyoni nokukhala kwazo.

Insingizi:- Eyomfazi:- Ngimuke ngiyekithi!

Eyendoda:- ukusutha konke lokho.

/Kwesinye...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwesinye isikhathi eyomfazi ithi:- Ngiyamuka, ngiyamuka, ngiya kwa-6ethu!.

Kwesinye isikhathi eyendoda ithi:- Hamba hamba, kadusho.

Umbalane:- Akuma6ele! Ntilintsho yonke lentitintili ngizakuyenza njani?

Ihobe:- Trrr! Trrr! Trrr! Amdokwe! amdokwe! ama6ele avuthiwe, ama6elevuthwe!

U6antwanyana:- 6antwanywana 6antwanyana ningendi!

UThekwane:- Ngangimuhle, ngangimuhle Thekwane! ngoniwa yiloku naloku!

47. Igegane:- Wuhu! Wuhu! Wuhu! Sahamba semuka ezweni elikude. Wuhu! wuhu! umama wangilahla.

Uzavolo:- Zavolo sengengela antwana 6ami. Zavolo siza usengele izingane zami.

Unohemu:- Do! ndo! ndo! ndoo! saphela! saphela! isizwe senkosi madoda. Ngiyafa inhliziyo e6uhlungu.

Iju6a:- Vukuthu! Vukuthi! vuka6o! vuvu siyaku6ona.

Um6angaqhwa:- 6aphi 6ona! 6aphi 6ona! yi6o! yi6o! nampa.

Insingizi:- a6anye 6athi ithi 6u6u! 6u6u! 6u6u! ukwasutha konke loko. Ngiyamuka ngiya kwelakithi.

Ilanda:- Kwai! kwai! ukudla okwami musani ngiyekeleni zihula zokudla. Kwayi! kwayi!

48. Umvukumvukwane:- Vuvu! vuvu! mvukwane, mvukwane vuvu, vuvu!

Unozalazingwenya:-, Naziya, naziya nozala naziya izingwenya zawo6a6a, zalo!

Umabengwane:- Woza! woza! mabengwane phuma endlini! phuma endlini! vuka! vuka phumandlini.

Iboboni:- Mbo!mbo! mboo! mbuso. Siyahamba namhlasiyahamba namhla!

Uve:- Inyoni enhle kakhulu inezimpaphe ezinhle. Ikhala ithi tsri! tsri! tsri! naku okwenuisho ikhumula izimpaphe zayo ngo6a iyazi ukuthi yizona ezifunwayo.

Inkankane:- Ngwa! ngwa! ngwa! ngwa!! Lenyoni ayilingiselwa uma ikhala kuya thulwa umuntu uvela amathumbu angayilingisa.

49. Isala6uli:- Lenyoni ayinalo izwi elimunandi lokukhala kwayo. Yaziswa ngezimpaphe zano kakhu. Ikhala ithi:- Tsho! tsho! tsho! tsho!!

iGwayigwayi:- Gwigwi! Gwigwigwi! Gwigwi! Basoba safa nankumhlola.

Impangele:- tshingo! ntshingo! ntshingo! kwela phezulu emthini 6o!

/6ayeza..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6ayeza! kwela phezulu emthini 6o!

Impingogo:- Lena inyoni yezulu iye ikhale uma lizokuna. Uma izulu liza ija6ula kakhulu impela. Ikhala ithi:- Ngwa! ngwa! ngwa! ngwa!! Uma ikhala kokunye ungathi kukhala umuntwana womuntu. Izimpaphe zayo 6ayazithanda impela a6antu na6amhlophe futhi.

50. I6o6o6o:- Kwafa u6a6a, anga6ikelwa kwafa umama anga6ikelwa,

Inhliziyo yami ithi:- ndu, ndu, ndu, ndu, ndu! (Kokunye ithi:-) Kwafa u6a6a nomama angaze ngawadla amakhu6alo:- Inhliziyo yami yathi, du, du, du, du, duu!

uPhezukomkhono:- Phezukomkhono! Phezukomkhono! Phezukomkhono! Uthi njalo, akulinywe.

Ungqwashi:- Unyokuye! unyokuye unyokuye! (A6anye 6athi ithi:- Unyoko uphi! Unyoko uphi? Unyoko uphi! uyolima!

Isikhova:- Vuka - ungibule! Vuka - ungibule woza! woza! mabengwane.

Inswempe:- Swempe! swempe! swempe! swempe! Kushiwo iswempe eyodwa

51. loku enye i6isithi:-

Khona ngigodola,
Akuze kwa6anani!

Uma 6ekuhumusha kusho ukuthi mayize imvula kuthambe inhla6athi, ikhona sizode siziphandela imsundu. Noku6a ngigodolake, akuze kwa6anani, ngo6a nakhu ngiyasutha.

Umadidwazi6unu:- Madidwazi6unu! madidwazi6unu, ngumuncane kunezi6umzami.

Umvemve:- Uthi:- sawu6ona! sawu6ona! usaphila yini na?

Igedezi:- Ngixege! ngixede! musa ukungi6ulala, anginalutho.

Umngcelu:- 6uyani! 6uyani zimizodwa 6uyani zimizodwa ngothi.

Umtholi:- Vukuthu! vukuthu ngi6onani leyana? Vukuthu nozani ningi6onise.

52. Ukuduma kwezulu.

~~Ngqingqizelaxzuluxeliphezulu~~

Ngqingqizela zulu eliphezulu
Usekhombise izimanga zomdali
Okwade kwasa 6izi6ona
Kodwa azejayeleki.
Zintsha njalo.

/Zifana.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Zifana nokufa kona ku
Ngejwayelwa muntu.
Zigxo6i izihlangu zakho
Ezikhaliphile,
Ezingenakumelana nalutho
Ngo6a wena uqotha imbokodo nesisekelo
Hwaqa6ala zulu enkosi
Yiphonse induku yakho
Yama ngwevu.
Engenakuvikwa muntu nakancane.
Ngisho loma unyazi lwakho
Olu6aneka maqede ku6ande
Kwamancane.
Umuntu akhumbule izonozakhe.
53. Kuqhaqhazele inyanga nomthakathi,
Isangoma sona sishosho6ale
6akuza nyoni yezulu
Edlula maqede kusale'kukhalwa:-
Ngizivile a6anye 6ethekula 6ethi.
Izulu lisuswa nga6eSuthu,
a6aloya uMa6uyi ephumakwa Zulu.
Waphindela emuva engasathandi lutho.
Wa6uya evathazela ehambaze
Kanti u6ethunywe amakhashi ku6e Suthu.
Qeqe6ula ngonyama yase mafini.
Esho maqede kunyakaze zonke izidalwa
Ithi ingayeka kulindelwe im6iko emkhulu nelukhuni.
54. Ngiyakwesa6a ngo6a ulaka lwakho olwantambama.
Ekuseni uyahlompha nje ngentombi igo6ile.
Ngiyasola sengathi uma liduma ekuseni,
Linga6e li6ika lukhulu kakhulu emadle6eni amadoda namama.
Nda6a kaziphelі emlonyeni wamadoda nomame 6edla ngoludala.
Mafuqafuqa kwasuka iziphethuphethu kwahlwa emini.
Mmemezi wezinkalo ezikude neziseduze.
/Mphezulu................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Mphezulu uyahlonishwa
Yi6o6onke ekhaya unje ngembu6e emnyama.
Wesatshwa zinyanga namavaka kuphelele ekhaya.
55. Ngi6a6one 6ehlezi 6akhumula izikhonkwane na6afana
A6amnyama 6omnqandane.
6athi nokusho 6avimbela wena nda6anda6a.
6enziwa ukwesa6a, 6enziwa uvalo olukhulu.
6ayazi ukuthi wena kawukhethi umathanda ezincane
nezinkulu kufane.
Mashaya asizile emzileni wakhe, 6akhala usungasekho
nda6anda6a.
Undlule kwasha ndlu.
Kwawa muthi, kwafa muntu.
Du6ula nganono yase mafini.
Usho wezwakala emagumbini omhla6a wonke a6antu 6a-
56, shoshotha.
Kanti kuzosala kulilwa kwezinyizigodi.
Usukhetha owakho washiya okungeyena owakho nda6anda6a.
Lizwe lasenhla ngiyakwesa6a, uyesa6eka wena mnyamana.
Wena uyinkundla yomphezulu.
Kulapha gidela khona njalonjalo.
Kanti a6anye uzo6ashiya zi6ezehlilizihlathi.
Unoma vava omnyama,
Mnyama omase6ese6e uyesatshwa amadoda noma me ekhaya.
Izwavu6e zakho zingangamanzi.
Wona lana okuphala iziphumba, gaga6ula nda6anda6a.
57. Ngi6a6ona a6anye se6eqhele ngamahlamvu.
6athi ngomvithi nomviyo 6eziqungisi6indi.
Akukho qhawe alikho nephikankani nda6anda6a.
Elingazikhwalo ngawe ngo6a konke okwenzayo ngiyakwe
sa6a.
Ma6uye aphindele hlamvana lu6ula umlilo,
O6usha u6uhanguhangu.
Zikho kalothiwa amadoda nomame.
Kuyimfihlo kwehlula,
Akwaziwa madoda,

/Akwaziwa.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Akwaziwa mama,

Izizi6a ziyayixoxa inda6a

Iphelela olwandle.

Nakhona ayixoxwa ixoxwa phezulu.

Nda6anda6a mafakuzela umumethe.

58. Ukwethwasa kweHlo6o.

Thwasa Hlo6o sikulindele

Sikubeke ngavuzayo amehlo,

Sesishaziwe ngamakhaza ase6usika;

zigqokise izinta6a ngengu6oyazo.

Ewusizo ngisho nasezilwaneni

Ingu6o eluhlaza em6ala ongaphenduki.

Hlumani mahlanwemithi

Izimbali ziyolandela,

Hlumane mahlungu ezinta6eni.

Nandulelise izimbali zasendle.

Eziyisehlo6iso senwelo kini

Ezinihlo6iso wemvelo ehlane.

Zihlo6isa imvelo njengo makoti ecanguzile emzini.

59. Thwasa hlo6o sekulindele

Sekubeke ngamehlo avuzayo,

Ngisho nezinyoka zamondo imbala.

Zifuna ukuphuma emigodini manjena.

Ngo6a seze6uzile za6ulahla u6udala 6azo,

Sezifuna ukweluka zingeqiwa yisikhathi sazo nazo.

Thwasa hlo6o uyathandeka kumuntu, nasezilwaneni nase zilimenweni kuzo zonke izidalwa ezikhona emhla6eni.

Thwasa hlo6o sikulindele

Sikulangazele ngama6i amehlo.

Imifula nemfudlana nezihosha, namadamu kuyakulangazela wena.

60. Ngiyo nomhla6athi wakwa mhla6a usukhathele amakhaza.

Usukhathele ngamakhaza nokomisa okukhona.

Letha imvula siyikhongozele.

Amafu siya6ona phezulu.

Kodwa sisalangazele,

Sifupa sigungu6ele musukwana sabo6oka ziya kuzwakala

/Sikuzwile............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Sikuzwile uku6u6ula komphezulu kwahleka izinyoni emthini.

Letha imvula yakho ephuma ngaphezulu.

Iwunyenyeze iwuthambise wonke umhla6a. Manyelela usulindelwe.

Vuka u6uye sekusile selethwese ihlo6o.

61. Imfula nemfudlane, nezihosha namadama,

Konke sekushile

Isililo sesekhulu kakhulu uku6ongoza kuyamemeza,

Sekuzwakhele phezulu.

Namaxoxo aswele umthunzi wakho.

Izinhlanzi sesiyintandane emhla6eni.

Isililo sakho sikhulu

Uyamenyezwa sa6ela,

Ma6izwa asa6ele.

Thwasa Hlo6o sekulindele

Zikubekile masishane ngamehlo avuzayo.

Izinyoni zezulu ezindiza phezulu zilindele.

Izinkonjane namajiyankomo

Ziyafunuku6uya enyakatho manjena.

Ngo6a isikhathi sazo sesifikile manjena.

62. Thwasa hlo6o sikulindele

A6antu a6ase mazweni ngamazwe 6akulindele.

Ngi6ezwile 6ehlokoma 6ekhala 6ekhononda

6e6uza ukuthi kanti liyothiwasa nini na?

Sesilindele ma6u6ula kwavevezela amadoda ngo6a ukulima sekufikile.

Wa6u6ula kwavevezela omame 6ehlezi 6ezeka ezimnandi emzini yamadoda.

Ngo6a ukhula nanto solufikile.

Zonke izinto zilindele ukuhambe ngezindlela zintsha nezindala.

Zinto zonke ziyaswambuluka ehlo6o.

Izinyoni ziku6onga ngamunandi amaculo nange nhlokomo enkulu.

63. Amaxoxo nawo aku6onga ngenkulu inhlokomo

A6antu 6aku6onga ngenhlokomo emasimini, nase zivandeni za6o,

Amavila asezwakele ukusola.

Izinyoni zikudumisa ngenhlokomo emnandi kakhulu.

Zonke izidalwa zikulindele, zikubeke nga6omvana amehlo,

/Amakhosi..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Amakhosi kunye na6antu kazana ngezindawo zonke,

6alindela wena musizi wa6o wafuthi.

Wo! vukani nonke e6uthongweni 6eminyaka,

Izihlahla ziyaqala ukugqoka

Izinta6a ziyagqoka nazo uhlaza oluluhlaza.

Amanzi ayahu6a amahu6o

O6uqhawe ehamba ngezindlela ezintsha nezindala.

64. Izi6ongo zika mahlasela ngoku - vula isikole kwelase

<u>(Dundee) Esididini.</u>

Ngitshene, ngitshele ndlela

Kuyini loku okusesithe kayo, kunga6onwa muntu,

Kusisitheka njengefu elimnyama,

Kungathi kunendosa kusa, ayaqala uku6onakala othongungulwini,

Ngovivi kumpondozamthini,

Yengamela imifula inkunzine khalabasi,

Nantiya lemuka izinyane lika zikhali

Zemuka izinkomo zo6a6a,

Insengwakazi ekhala igijima

Yakhala kwaduma imihosha yonke,

Kwaze kwa6uhlungu naku muntu ongenanda6a.

nantiyana ithunzi ngili6ona

65. Ithunyi elimnyama,

Lesi6ekela izwe ndlela.

Edide amadoda, amangala,

Wahleka oka zikhali.

Umehlo emamba ayesa6eka,

Inibikimbiki ngiyayesa6a ndlela,

Yaze ya6onwa izicoco zithule,

Zavungaza ndlela.

Yezwakala kuma Zulu,

Yanda nezwe lonke,

Umpephethi wendlela.

Ophephethe izikhukhula ezinzima ngendlela.

Umenzi wezinda6a ezimnandi kwa ndlela.

Wathi lona umthombo,

Umthombo wamanzi wenzalo yami ndlela.

/Kuyophuza...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuyophuza a6omileyo kuwona,
Ongomile endlule eceleni.
66. Lona umthombo wolwazi,
Lona umthombo wezihlakaniphi.
Lona umthombo onamanzi amnandi.
Wathi nanti inxiwa ndlela.
Umuzi wezihlakaniphi,
Mahlasela uyinqa6a ngoku6o phela ezahlukene.
Wa6ophela amaWeseli.
Wa6ophela amaSheshi,
Kwa6a umdi6i munye.
Kanti futhi u6ophele ezondile,
Wa 6ophela ezizacile,
Wa6ophela ezinonile,
Wa6uye wa6ophela nezindala,
Wa6ophela nezifundayo.
Kwa6a inkinga enga6onwa,
Kanti uzanazo wena mahlasela ka Zikhali.
Imbethumehlwana yasesilungwini.
Xamu kawu vinjelwa,
Ovule umnyango ongavulwa.
67. Kuthena amadoda ekhuza!
Waphikelela wena kaZikhali.
Waye wangena enduku ezi6ovu.
Inkunzi e6omvu enjenge ntolwana ka Mpephetho,
Ngikuthanda ungena eMgungundlovu,
Wa6onana na6andle6e zikhanya ilanga, yedwa,
Yeka inkonyana yeSwazi 6eyizonda, 6eyisongele.
Kwanga6a nda6azalutho
Ngo6a ekuthintile,
Ziphumpu, ezizilu6a,
Mkhatshwa ngezinde nezimfushane izinda6a,
Mkha6a unga6onakali
Owamanye amadoda uso6ala.
Nyenyeza ngikuzwe moya,
Zinde izinda6a ozithweleyo,
Zaseduze nakhashana. 68/Neso ............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

68. Neso linge6one khona
Ndle6e ingenakuzwa khona
Lezonda6a ezixoxwayo,
Wazizwa wena ka Zikhali.
Ngithi woza moya woza,
Endle6eni ushe eduze,
Um6ikho siwulindele sonke,
Ngazo zonke izindlela ezimbi, nezinhle,
Zasenhla nase Nzansi,
Ududuza umoya wethu ndlela,
Kwahlambeka nezinhliziyo zethu.
Ngizwe lukhulu lu6a6azwayo,
Nga6alugwinye lwagoga,
Kwasha amathe koma umphimbo
Ngo mahlasela uthanda uNdlela,
Uthusa6antu kwa ndlela,
Usudukamnyama kuze ukukhanya.
Lenda6a ngiyi6one ngamehlo
Amehlo ayithatha emlonyeni
Wamadoda amhlophe.
A6a6izwe uMahlasela ka Zikhali
69. 6ewuhla6a 6ewuhlokoza,
6ethi nango uMahlasela nemikhu6a,
Wasilethela a6andle6e zikhanya ilanga na?
6asho 6athi aka6ulawe
Uyahlanya, uyagula oka Zikhali.
Ngi6afunde kangakholwa ndlela,
Nxase6ethi u6uthaka,
Emzimbeni kanamphilo,
Ozondwa izizwe zaku6o ezimnyama,
Uzondwe uZulu,
Wazondwa amaSwazi,
Nama Thonga ase6u Thonga.
6uya wena ka Mphephetho,
6uya nkomyane yeSwazi,
6uya sikulindele,
Umse6enzi wakho unjengawe, /Woza..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21



Woza uzo6ona mkinga no6uhle;
Um6eke wenkosi ka6usi nayo,
Kwakunganjani uku6a wa6ona okuncane,
Mhla6a kawusoze wanona.
70. 6am6ulele engenacala,
A6azi ukuthi 6amu6ulalelani,
Umona, umona, awunancedo.
Vuka ndle6e zimaphaphasi,
Vuka iyi6ambe mhlasela,
Sikulindele mihlayonke,
Khumbula wena ka Zikhali,
Sihlome amehlo sikulindele,
Sikugolozele emathuneni,
Silalele amaphupho nezinda6a
Ezimnandi nemi6iko evelakuwe,
Mahlasela siyasho ukuthi:
Uyisiphephelo sethu, uNgumsizi wethu,
Usihlenge e6emnyameni,
Mahlasela sifukame ngezimpekho
Zakho ezingamazwi okuhlakanipha,
Ndlela nathula nathi, nya!
Wa6e ekhona oka Zikhali,
Umse6enzi wakhe uyakhuluma,
Umse6enzi wakhe uyamlandela.
71. Usuqhakaze izimbadlana nezimbali,
Izigodi - ngezigodi,
Usafufuza imiqunjana nemi Qumbi
Amagceke - ngamagceke;
Wahlo6a Sididini!
Othe ngalo6uqhaka-qhaka,
Wathi ngalo6usaka-saka,
Wathungela liphuma,
Wathungela liphunga
Lahogelwa ziMpunga,
Waxaka Sididini?
Zathi ukulizwa lithi, hashaladlula,
Zadela amashungu, athi: /Khehla.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Khahla, zantula.
Zaxoxinda6a.
Zasezitha6a,
Ngalelophunga
Lezozimpunga
Zaxoxa liphuma ilanga.
72. Zaxoxa lishona ilanga,
Lingenamona
Longantulwa siGodi
Lagcwala imimanga
Lagasela zixoxi
Zavulimnyango
Zaxoxa anaxoxo
Zakhohlwizicoco,
Zatusi Sididini.
A6antwanyana
6a6afanyana
6adela izimazi
Zingezentusi nelo6olo
6athathi zincwadi
Njengezamisi zesikolo
Nezithohlongwana
Zamantombazane
Zashiyambokodo,
Kwomakoti sakunyunda
Waboka Sididini
Seloku la6a elomdali
Zabinca amaloko,
Zafisela ukufunda
73. Kwaphuma zihlwele
Zibalase okwezimbali
Ezihla6a umhlwele
Zaphuma zikhangwa
Liphuma zikhangwa
Liphuma liphangwa
Ngapha nangaphaya, lapha nalaphaya

/Waboka................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Waboka Sididini
Sakhi imkhanya sisingathisisa,
Izinkalo zazinde - kwasitha zinta6a,
Sa6ambongenzansi sakhohlwa o6ala
Luthuquzwa injomane.
Mmamo - iphuma isikhadlana
Ithathele lenkonyane.
Hhawu ithwele u6anina 6ona.
I6elethe kwasa nhloli.
Kambe - inga6e iyaphina 6o
Kantike - E! Sididini uwena.
Izwelakithi eSididini.

74. Langa eliphume qede
Lothiwe ekusithekeni nasekudeni
Lothiwa naseqhweni lwokhahlamba lizwakele
Lashisa kwamnandi Esididini.
Lakitiza amadoda e6ukhosini
Kwasala wena wengwe uyesa6eka,
Zonki iziGodi zafudumala
Langa lase Sididini
Sikwazi kudala usenenjomane,
Uda6ula imfula nezinkalo
Uphikelele ukuhlwayela amanzi amnandi.
Ushesekela ukusalusa ngo khuluthando
Ujo6e6elele nenkulumo yolimi lwakithi nolwezizwe.
Gugu lamagugu,
Mondli wentandane
Ndoda yamadoda
Mahlasela ka Zikhali.

75. Langa lakhanya phakathi kwesilimela,
Nenyanga efufusa esiphundu sakho.
Emise6e isatho6ele eyakho,
Thina sishaywa uvalo,
Thina siyethuka kakhulu,
Ingani kade laseqala uvalo.
Lwasithunga imilomo, saso ngizandla.

/Sa6ukama............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Sa6ukana sodwa thina ndlu emnyama,
Ngo6ananthi soli6alele mahlasela kwelase Si[illegible]idini.
Soli6antu 6ahle sakushona khona,
Mahlasela akuse nsuku
Zatshwala (6asho osizwile)
6okwethuka, 6oku6onga
Ngezindlela zonke.
Vuka usi6one uphonse imise6e yakho kuthina.

76. Mahlasela zinyane loka
Zikhali, nkomo yo6ombo,
Wakhala ezinkangala.
Kwakuyo6onjani uku6a ukhala O6onjeni na?
Wakhalela amankengane,
Azi6uye o6onjeni,
Nanku umzila ka Mphephetho, 6uyani.
Mlamlankunzi zihlangene
Walamula a6amhlophe
Na6amnyama 6exa6ene.
Wathokozisa omame 6ehlezi 6engazilutho,
Vuka wena ka Zikhali
Uzo6ona umse6enzi wakho
Uku6a kwakungengawe nga6e akunjena.
6uya mahlasela uzo6ona a6antwana 6akho,
6uya uzo6ona umse6enzi wakho.
Nkonyane ka Zikhali phonsa imise6e yakho.

77. <u>Umlolozelo.</u>

<u>Umdlalo wezingane.</u>

U6ani lo?
Ugqanda gqegqe.
Uzaku6ani?
Uza kugqegqe.
Gqegqeni lona na?
Gqegqekwezela
Akwezoleni na?
Aphenduleni na?
Aphendule ubece.
Boceni lona na?

/Bece...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Bece mkhupheni?

Mkhupheni muni lona na?

Mkhuphelankukhu.

Nkukhumi lona na?

Nkukhu neqanda.

Qandani leli na?

Qandamuntu.

Muntuni lona na?

U6ani lo? - Undwandwe!

Uyakwa6a? - Kwa ndwandwe.

Ndwandweni? - Ndwandweyikweze

78. Kwezani? - Khwezaphengula.

Phengulani? - Phengulagele.

Geleni? - Gelenkukhu.

Nkukhuni? - Nkukhumaqanda.

Qandani? - Qandamndozi

Mndozini? - Mndozimuntu

Muntuni? - Muntisechalakashana isiphongo sengweny - ma6anda yikhweze - iphincece ziye nceceni. Azali6antwana ekuthezeni - ayi - wo! Mekle! ayi - wo - mekle! Kunjanina ayiwo! mekle!

Ungu6a? - Ngingu6antu6antu.

Ungu6a? - Ngangiinga6a6oni.

Ungu6a? - Ngendlele qonde 6avuthini!

Ungu6a? - Ukhona yinu Lankumeni lapha ekhaya?

Ungu6a? - uMshuki wezintabo

Ungu6a? - Zishiswa nalilanga

Ungu6a? - Ziphenduke uLangiqi.

Ungu6a? - Langiqi Ma6uthweni.

79. Ungu6ani? - Ngisiki indle6e yami

Ungu6ani? - Ngiyenzu mutshwetshwana.

Ungu6ani? - Ngiphice na6amhlophe.

Ungu6ani? - Ngi6a waka wakaze.

Ungu6ani? - Ngi6afaki impanyana

O6ani la6a na?

/Oma nkazana........ ....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

oma nkazana.
6aphumaphi 6oha?
6aphuma esambuqa.
Isizi6a sasembuqa;
Asigezwa nga6anje;
Sigezwa izinyandezulu.
Zona ezishaya myamazane.
Kukhungele emadwini.
Kuhambe kuyikazela
Amasele dekle.
Imi6ankwa dekle.
Baletsheni! Baletsheni.
A6akwa Mjiyane.
Ngaphuma ekhaya ngiqonde umse6enzi:
Ngafika eThekwini, ngakhohlwa zinsizi;
80. Izinsizi zaphi? zale emakhaya,
Uzeqeda ngani? uya6uza mfowethu
ITheku umagingela!
Kukhona zimoto
Kukhona mathilamu,
Kukhona oLisho,
Kukhona o6ambamehlo,
Kukhona unelisa nhliziyo,
Konke loku ngokwakho mfowethu,
Uphendu omunye umuntu.
Kuthengwa ngamalini?
Utike ekuseni, utiki emini,
Utiki ntambama;
Impela kuhle eThekweni.
Pho! Isisusinikani?
Uya6uza mfowethu
Kugcwele eMatsheni.
Kugcwele inyama,
Kumbuza impukane phezulu,
Kugcwele amasi.
Kumbuza impukane phezulu
Na6antu 6akhona 6angangezimpukane... 81/Yonke...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

81 Yonke inhlo6o ikhona mawuthanda.

Awusuka mfowethu!

Kuthengwa ngemali,

Kuthengwa ngamalini na?

Utiki ekuseni, utiki emini, utiki ntambama.

Maye 6a6o!

Ngoswela okokwembatha,

Ngasutha amadombolo

Ngaphenduka uNyathi,

Ngaqukulamasaka.

Nga6ona ngiphela,

Ngaze ngaphelela o6oyeni?

U6ani owamkhombisa uTheku,

Ko6a6a nokhokho lalingekho,

Maye! Maye!

Zakhala izingane indlala,

U6a6a akasa6uyi

U6a6a sewadliwa zinta6a,

Izinta6a zase mdu6ane!

Izinta6a zase Thekwini.

Siyoshonaphi kulomhla6a.

82. <u>Izi6ongo zelanga.</u>

Nkopholo emanxe6a amabadubadu

Ntunga ezizinsa6a.

Mahla6a zihlangana.

Si6ane esingenantuthu.

Mse6e ozinsa6a zomkhonto,

Ogwazu muntu - wohlo.

Evuka e6uthongweni,

Wavika waze walala ngohlangothi.

Zandla ezibeke emhla6athini.

Zonke izandla zibeke phezulu.

Nkomo yasempumalanga

Ehlukanisa amadoda emnyameni

Wawathatha waze wawa6eka,

Ngikuthanda uphumile.

Walondoloza izihlupheki. /Zasuka..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Zasuka enhla ngothulikazi,
Zaze zashona enzansi.
Lapho kugcina khona ulwandle,
Mgangada ogangadile.
Mponde ezicijileyo.
Zihla6i indoda isicoco,
83. Zayihla6a ya6aleka,
Yaze yafika yazifaka esihlahleni,
Yahlala yonke imini.
Hamba mlilo ka Zokhele!
Mlilo oshisa ikhehla laso ndini,
Kwasha khanda kwasala mzimba,
Mkhuphezele owahlulwa ifu,
Wena ombethe ingu6o e6omvu,
Eyehla izinyembezi.
Zamanzisi indoda elima,
Ya6aleka yaze yephuka.
Phuma! Langa, phuma!
Mgwagwa wezulu!
Wena osa6a uzulu ehlezi.
Wa6aleka waze waphuka.
Nkanyezi e6eke entshonalanga,
Nqwele! nqwele! nqwele!
Nyanga yase mini.
Nkanyezi ngizokwenzanjani?
Shoka6eza Mshoko6ezi!
Hamba Maphequphequ!
Ngishiye nginesizungu.
Shona mathunza a6angu sizi.
84. Khonza lapho uyakhona,
Sambane esingaphenduki,
Esidla umuntu semzi6a,
Kanti siqeda izinkophe.
Fihliza mafihliza!
Udedele isisasambane.
Zikhanyise emnyameni,

/Ezivela.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ezivela kwaso Thangane,
Eziphuma kwa Ngwane.
Hlengela sikhova sasemini,
Ngingamɓonange ngisiɓone,
Zonke kungezaseɓusuku.
Ndaɓa ziphuma, lingashoni.
Akulanga zingathethwa,
Akulanga lishona lingena ndaɓa.
Lelo nalelo liphuma nezalo,
Zithethe wena siɓani somhlaɓa
maphiko afudumele amanye epakhaza,
ɓonke ɓakulindele,
Izinyoni ziyezwa Kala zihlokoma,
Zicula ingoma yokusa.
85. Uyilanga wena ade waɓakhona,
Ungumsizi waɓahluphekayo
Ungumsizi wezintandane
Ungumsizi nomjaɓulisi kwaɓa kulomhlaɓa.
ɓonke ɓayathanda ukukuɓona,
Ungumsizi nokuyaɓula kwaɓa kutheleyo.
Imithi yethemba wena,
Imvula yethembele kuwena,
Uyisiɓonda nensizo kukokonke
Uyilanga wena ukhulisa konke,
Uyimbawula yokothiwa,
Awuyona imbawula yomgodi.
Kodwa uyimbawula yaphezulu,
Nkomo edlayodwa,
Wadla wedwa kwezikude izinkalo,
Mukwana wahtukuthela ngiye saɓa,
Siɓuko esingazilwa,
Awubekeki uyahlaɓa,
Maye! langa unenhliziyo enhle
Siphephelo sethu.

Ends. 815

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.